



# USATHANE UKHULUMA NONKULUNKULU BESE EPHENDULA UNKULUNKULU

**Ngu Tony Alamo**

Usathane ukhuluma noNKULUNKULU, futhi uNKULUNKULU uyamkhulumisa amphendule.<sup>1</sup> UNKULUNKULU kwesinye isikhathi uyayiphendula imikhuleko yakhe (izicelo), njengakwisehlo sikaJobe. Ngokuba nina enidukile namuhla, eningakholwa ukuthi kukhona umuntu ongenasici, uNKULUNKULU wathi uJobe wayengenesici futhi elungile, wayengomesabayo uNKULUNKULU, futhi ekuzonda okubi (UJobe 1:1). UJobe wayenamadodana ayisikhombisa kanye namadodakazi amathathu. Wayecebile kakhulu, wayemkhulu kunabobonke abantu baseMpumalanga. UJobe wayemkhonza uNKULUNKULU, futhi wayekhuleka kuNKULUNKULU njalonjalo (ngokungaphezi) (UJobe 1:5).

Kwathi ngelinye ilanga kwafika amadodana kaNKULUNKULU emaphambi kukaJEHOVA, kwafika noSathane phakathi kwawo. UJEHOVA [wabe esekhuluma naye ethi kuye], Uvelaphi na [ubuya kuphi]? USathane wabesemphendula uJEHOVA, wathi, Ekuzuleni emhlabeni, kanye nasekuhambahambeni kuwo. [Ngamanye amazwi, ngivela ekwenzeni

noma yini engithanda ukuyenza ezweni, ekwenzeni bonke abantu ezweni ukuba bahlupheke babenezinkinga ngayo yonke indlela okungenzeka ngayo, ukubalinga, ngokuba bonke bayona futhi kumele bahlulelwwe bajejiswe baphonswe eChibini loMlilo kanye nami. UJEHOVA waqhubeka nokukhuluminisana noSathane wathi,] Inhliziyoyakho iyiqapheleinceku YAMI uJobena? Ngokuba akekho onjengaye emhlabeni, umuntu ongenasici futhi olungileyo, owesaba uNKULUNKULU, futhi obalekela okubi.

“USathane wamphendula uJEHOVA, wathi, UJobe uyamesaba uNKULUNKULU ngeze na? [Usathane waqala ukukhuluma noNKULUNKULU futhi, ngaphezu kwendlela abantu abazibiza ngokuthi bangamaKristu abakhuluma ngayo noNKULUNKULU. Uma uJEHOVA emlalela uSathane futhi ekhuluma naye, ikuphi inkingayakho? USathane wathi, WENA Umibusile uJobe futhi Umbiyelile nakho konke okwakhe nxazonke.] Ubusise umsebenzi wezandla zakhe, futhi impahla yakhe yandile emhlabeni. Kepha



Pastors Tony noSusan Alamo—1969

ake Welule isandla SAKHO, uthinte konke anakho, impela uYakukuthuka ebusweni BAKHO.

“[UJEHOVA waphendula umkhuleko kaSathane:] Wathi uJEHOVA kuSathane, Bheka, konke anakho kusesandleni sakho; kuphela kuyenauqobo ungabeki isandla sakho. Wayesephuma uSathane ebusweni bukaJEHOVA [waqotha konke uJobe ayenakho—izingane zakhe, imfuyo yakhe, konke!]... Wayesesukuma uJobe, waklebhula ingubo yakhe, waphucula ikhanda lakhe, wawela emhlabathini, wakhuleka, wathi, Ngaphuma ngize esizalweni sikamame, ngyiyakubuyela khona ngize: uJEHOVA wapha, uJEHOVA uthathile; malibongwe igama likaJEHOVA. Kukho konke lokho uJobe akonanga, akamthelanga uNKULUNKULU okubi” (UJobe 1:6-12, 20-22).

(Kuyaqhubeka ekhasini 2)

<sup>1</sup> Jobe 1:6-12, 2:1-6, Zak. 3:1-2, Mal. 3:11, Math. 4:1-10, 8:28-32, Mark. 1:23-26, IsAmb. 12:10

# USATHANE UKHULUMA NONKULUNKULU BESE EPHENDULA UNKULUNKULU

(Kuyaqhubeka ekhasini 1)

Emva kwakho konke lokhu ukuvivinywa, uJobe wanikwa okuningi kakhulu kuvela kuNKULUNKULU,<sup>2</sup> kodwa bheka ukuthi kwenzekani ngesikhathi uSathane ekhuleka kuNKULUNKULU futhi ethola impendulo. Kungenzekani uma amaKristu engakhuleka njengalokhu eyaliwe, "khulekani ningaphezi"?

Enye ingxene yeZWI likaNKULUNKULU esitshela ukuthi uSathane, udeveli, ukhuleka engaphezi isencwadini yesAmbulo 12:10: "Ngokuba uphonswe phansi ummangaleli wabazalwane [ngaphandle kwaseZulwini], obamangalela phambi kukaNKULUNKULU wethu imini nobusuku." Indimana yesi11 isitshela ngokuthi singamehlula kanjani ummangaleli. "Futhi bona [thina] bamnqoba ngegazi leWUNDLU [ngokuhlala ngaphandle kwesono], kanye nangeZWI lobufakazi babo[bethu]," leliZWI elisitshela ukuthi okungenani sikhuleke kakhulu njengoSathane. "KHULEKANI NINGAPHEZI" (1kwabaseThesalonika 5:17).

Uma uNKULUNKULU ekhuluma noSathane—futhi Uyakhuluma—Uzokhuluma nawe! UJESU ubeka umyalo, "KHULEKANI NINGAPHEZI" (NgokukaLuka 21:36). Uqala ngokuthi, "Kuyakudlula izulu nomhlaba: kodwa AMAZWI AMI awasoze adlula. Ngakho xwayani, ukuba izinhlizyo zenu zingasindwa ngukuminza, kanye nokudakwa, kanye nokunaka okwalokhu okuphila, lunizume lolosuku ningazelele. Ngokuba luyakufika njengogibe phezu kwabo bonke abahlezi emhlabeni wonke. Ngakho lindani ngesikhathi sonke, NIKHULEKE NINGAPHEZI [njengo-

Sathane, udeveli], ukuba nibe namandla okuphepha kukho konke okuyakwenzenka, nawokuma phambi kweNDODANA YOMUNTU" (NgokukaLuka 21:33-36).

KumaHeberu 11:6 lithi, "Kepha ngaphandle kokukholwa akwenzeki ukuMthokozisa [uNKULUNKULU]: ngokuba ozayo kuNKULUNKULU kumele aze KUYE ngokukholwa [njenga-loku enza uSathane. 'Amadimonu ayakholwa futhi athuthumele' (EkaJakobe 2:19)], kanye nokuthi YENA [uNKULUNKULU] ungumvusi kulabo abafuna YENA NGOKWEQINISO. [Kodwa hayi uSathane. Wahlambalaza uMOYA ONGCWELE futhi uyokuchithela inguaphakade eChibini loMlilo ingunaphakade].<sup>7</sup>

Esinye sezithembiso ezinkulu zi-kaNKULUNKULU ukuthi uma Emuzwa futhi Emphendula uSathane, lokhu kuyisiqiniseko sokuthi Uyokuzwa wena nami futhi Akuphendula wena nami, kanye nabonke abaYombiza.<sup>5</sup> uNKULUNKULU uthi, "Ngibize, Ngiyakukuphendula, Ngikutshele izinto ezinkulu ezifihlekileyo ongazaziyo" (UJeremiya 33:3).

Nginesiqiniseko sokuthi unemibuzo futhi udinga izimpendulo. Uzozithola uma uMfuna ngokweqiniso ngeZWI LAKHE; Uyakufunyanwa yinina (2 Izi-Kronike 15:2).<sup>6</sup> Isethembiso esalabo abaMfuna ngeqiniso, okungenani umfune ngokuzikhandla njengoba kwenza uSathane lapho ekuzingela wena ukuze athumele umphefumulo wakho eSihogweni naseChibini loMlilo kanye naye.

Umphostoli uPetro uxwayisa wonke umuntu: "Qondani, nilinde; ngokuba

isitha senu uSathane, siyahamba, njengebhubesi elibhodlayo, sifuna lowo esingamgwinya [yena uyabona uma ungakhuleki ngendlela yena akhuleka ngayo]: Melanani naye niqine ekukholweni, nazi ukuthi zona lezozinhlupheko zehlela abazalwane benu abasezweni" (1 kaPetru 5:8-9). UJESU uyingonyama NAYE, INGONYAMA YOMDENI KAJUDA (IsAmbulo 5:5). Wadala uSathane, Wamehlula, futhi Uyomthumela eChibini loMlilo ingunaphakade.<sup>7</sup>

Ungamkhohlwa neze uNKULUNKULU. Kuyokuba ukuzilima-za kwakho. uNKULUNKULU uthi, "Nikela [KIMI] umnikelo wokulunga; futhi bese ugcina izethembiso zakho koPHEZU KONKE: Ngibize ngosuku lokuhlupheka: Ngiyakukukhulula, wena uyakuNgidumisa. Kepha komubi uNKULUNKULU uthi, Yini ukuba ushumayele izimiso ZAMI, noma uphathe isivumelwano SAMI ngomlomo wakho? Ingani uyazonda ukuqondiswa, amazwi AMI uwalahlala emva kwakho, na? Uma ubona isela, uvumelana nalo, neziphingi uhlanguyela nazo. Umlomo wakho uwuyekela ebubini, ulimi lwakho luqamba inkohliso. Uhlala uhleba umfowenu; unyevuza indodana kanyoko. Lokhu ukwenzile, ngathula; ushaye sengathi Nginjengawe: kodwa Ngizakukula-ya, Ngikubeke phambi kwamehlo akho. Qaphelani lokho, nina enikhohlwa uNKULUNKULU, funa MINA Nginid-wengule nibe izicucu, futhi kungabikho osindisayo (AmaHubo 50:14-22).<sup>8</sup>

(Kuyaqhubeka ekhasini 4)

<sup>4</sup> Isaya 14:9-17, Math. 25:41, Mark. 3:29, 2 Petr. 2:4, Juda 6, IsAmb. 20:10 5 2 Izikr. 6:12-42, 7:1-2, 14, IsAmb. 34:15, 17, 145:18, Isaya 58:6-14, 65:17-24, Zak. 13:9, Luk. 18:1-8, Fil. 4:6, Heb. 4:15-16, 10:19-22, Jak. 5:16-18, 1 Joh. 3:22, IsAmb. 5:6-8, 8:3-4 6 AmaH. 9:10, 22:24-26, 24:3-6, 27:2-10, 34:10, 105:3-4, 119:2, 10, IzA. 8:17, Jer. 29:12-14, Math. 6:33, 7:7-11, 18:18-20, Joh. 15:7, Kol. 3:1-2, Heb. 11:6, 1 Joh. 3:22, 5:13-15, IsAmb. 1:13-18 7 Isaya 14:9-17, Math. 25:41, Heb. 2:14, Juda 6, IsAmb. 12:9-12, 17:7-14, 20:1-10 8 AmaH. 50:14-22

## Malawi

Tony Alamo Mfundisi Wezwe othandekayo,

Ngiyabonga ngezindatshana, AmaBhayibheli, kanye nezincwadi zikaMesiya engizitholile futhi ngazisabalala ngesonto elidlule. Ngiyajabula kakhulu futhi ngiyathokoza, futhi nemiphefumulo eminingi ishintshiwe, lokhu kuhlanganisa abathengisa ngemizimba kanye nabathakathi. Ngiyethembra futhi ngiyakholwa ukuthi ngizokuphakamisa wena kanye nebandla kuNKULUNKULU NGOMKHULEKO futhi kuyakuba nesimangaliso emphefumulweni wakho. Bengifisa uku-oda ezinye izindatshana, AmaBhayibheli, kanye nezinye izincwadi zikaMesiya. Abantu abanangi babumane iqiniso ngezindatshana zikaTony Alamo. Ngiyethembra ngizokuzwa kuwe masinyane, UWongani Gondwe

E-Rumphi, E-Malawi, Afrika



INKONZO KA-ALAMO EKU-INTANETHI

[www.alamoministries.com](http://www.alamoministries.com)

## Chile

Ibandla elithandekayo kanye noTony Alamo othandekayo,

Kanye nokubingeleta kwami, futhi ngikufisela izibusiso ngokucebileyo wena kanye nabo bonke ebandleni. Isizathu sale-imayili ukuba ngnibonge nonke ngomzamo wenu omukhulu ekusisizeni ngenkonzo yethu yokuvangela ezweni le-thu, ngezimpahla zokuvangela ngokuzimisa, nangenhliyo yonke. Ngiyabonga kakhulu ngakho konke. Awazi ukuthi kuyisibusiso kangakanani kithina ngakho konke okufika ezandleni zethu. Okunye, zonke izimpahla esizithola kuwe zi-yasabalaliswa ngaphandle kwenkokhelo futhi sisisabalalisile emajele, ezibheda-la, nakumaplaza kanye nasezindaweni eziningi ezipulelekile.

Siyaphinda futhi, siletha izicelo zethu kini ukuba niqhubeke ukusisiza ngezinye izimpahla zezincwadi, kungaba amapheshana, amaphephabuku, izincwadi, izindatshana kanye namaBhayibheli

(Kuhunyushwe kususelwa kwi Spanish)

ukuze kuqhubeke ukukhula kombuso kaNKULUNKULU wethu emhlabeni.

Noma sikude kakhulu nani, siyethemba ukuthi nibe noKhisimusi omuhle kakhulu futhi sengathi nina nonke ningaba noNyaka Omusha onempumelelo futhi ogcwele izibusiso futhi sengathi ukuthula kukaNKULUNKULU kanye nomusa Wakhe ungaba phezu kwenu kuze kube phakade; futhi ngesikhathi esifanayo, uma ningakwazi, ba-fowethu, besicela nisithumele ezinye izikibha njengoba sizikhanda futhi sisebenza kanzima. Sibawu 20 esisebenza kulomsebenzi wokuvangela futhi siyanicela ukuba nisisize ngokukhuleka ngokuba sinenjongo kanye nephupho lokuthenga umbhobho noma i-rock amplifaya enesipikha esiphezulu ukuze sikhazi ukusebenza ngamandla amakhulu futhi abantu bonke bakwazi ukusizwa kanye neZwi

likaNKULUNKULU lizwakale noma ku-phi lapho sihamba khona.

Bazalwane abathandekayo, kuze kubengesinye isikhathi, siyethemba ukuthi incwadi yethu izokwamukeleka kahle. Umkhonzo omnandi, umfowenu, U-Elias Mansilla Sanchez E-Puerto Montt, E-Chile

## Missouri

INkonzo yamaKristu yakwaTony Alamo ethandekayo kanye nomndeni,

Ngiyethemba ukuthi lencwadi ithola izinsuku zenu zibusisekile futhi zinenjabulo. Ngingumzalwane ojwayelekile, okholwayo kuKristu ozama ukuhlala ngokuxhumana nebandla lakkho kanye noBaba uNkulunkulu kanye neNdodana Yakhe eNgcwele uJesu Kristu ngokuvamile. Bengilokhu ngithola izindatshana zenu ngokuvamile futhi ngiyethemba ukuthi ngisazo-qhubeka nokuzithola, isizathu kungukuthi izindatshana zenu izona kuphela eziwukuxhumana enginakho okuvela ngaphandle kwalelitilongo lejele. Futhi izindatshana zenu sezivule inhliziyo yami kancane kancane kulokhu kubosha kwami okungaphakathi.

U-Glenn Stafford  
E-Farmington, MO

## Kenya

Mfundisi Alamo othandekayo,

Ngiyajabula kakhulu ukuba ngikubingelete namuhla. Angazi ukuthi ngiqale kuphi kodwa ngiyasho ukuthi sengathi izibusiso zeNkosi yethu zingaba phezu kwakho zonke izinsuku. Ngiyethemba ukuthi ngalezizimpahla baningi abazosindiswa. Amalungu onke ayejabule kakhulu ngokuba izethembiso zenu sezibe iqiniso. UNkulunkulu akabusise lenkonzo ngokuba iyindlela yokufinyelela kwabaningi. Siyanithanda njengoba sazi nathi ukuthi niyasithanda. Busiekani futhi siyayidinga imikhuleko yenu. Amen.  
Owenu kuKristu,  
Udadewenu Bethy Kemuma  
E-Ogembo, Kenya



UMfundisi Rafique Bhatti usabalalisa izincwajana zika Mfundisi Alamo kulabo asebephendukile bevela enkolweni yamaHindu E-Lahore, Pakistan



# USATHANE UKHULUMA NONKULUNKULU BESE EPHENDULA UNKULUNKULU

(Kuyaqhubeka ekhasini 2)

Gcina imiyalelo. Khuleka unga-phezi bese wenza umphefumulo wakho usindiswe. Qala ngokusho lomkhuleko:

NKOSI yami, NKULUNKULU wami, yiba nesihe phezu komphefumulo wami, umoni.<sup>9</sup> Ngiyakhola ukuthi UJESU KRISTU uyiNDODANA kaNKULUNKULU ophilayo.<sup>10</sup> Ngiyakhola ukuthi Wafa esiphambanweni futhi wachitha igazi LAKHE eliyigugu ukuze ngithethelwe zonke izono zami engizenze ngaphambilini.<sup>11</sup> Ngiyakhola ukuthi UNKULUNKULU wavusa UJESU kwabafileyo ngamandla KAMOYA OYINGCWELE,<sup>12</sup> nokuthi Uhlezi ngakwesokunene si-kaNKULUNKULU ngalomzuzu elalele ukuvuma kwami izono zami kanye nalomthandazo.<sup>13</sup> Ngivula umnyango wenhliyilo yami futhi ngiyakumema ukuthi ungene enhliziyweni yami, NKOSI JESU.<sup>14</sup> Ngihlante kuzo zonke izono zami ezingcolile egazini eliyigu-gu, othe walichitha esikhundleni sami, esiphambanweni eKhalvari.<sup>15</sup> Angeke

ungichithe ungilahlele ngaphandle NKOSI JESU. Uzongithethelela izono zami futhi usindise umphefumulo wami. Ngiyazi ngoba IZWI LAKHO, iBhayibheli, lisho njalo.<sup>16</sup> IZWI LAKHO lithi aekho namunye umuntu oyomdikila umlahlele ngaphandle futhi lokhu kubandakanya nami.<sup>17</sup> Ngakho-ke ngiyazi ukuthi ungizwile, futhi ngiyazi ukuthi ungiphendulile, futhi ngiyazi ukuthi ngisindisiwe.<sup>18</sup> Futhi Ngiyabonga, NKOSI JESU ukuthi usindise umphefumulo wami, kanti futhi ngizokhombisa ukubonga kwami ngokwenza njengoba ungiyala futhi ngingabe ngisona.<sup>19</sup>

Ngemuva kwensindiso, uJESU wathi kubalulekile ukubhaphathizwa, ngokuphele emanzini, egameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya OYINGCWELE.<sup>20</sup> Bese ufunda iBhayibheli ngokweNkosi uJames (i-King James Version Bible), futhi, ukuze likusize wena futhi lisize nabanye, yenza lokhu elikushoyo.<sup>21</sup>

INKOSI Ifuna utshele abanye ngen-sindiso yakho. Ungaba wumuntu osabalalisa izincwadi nemibhalo yeVangeli kaMfundisi uTony Alamo. Sizokuthumelela izincwadi mahhala. Shaya ucingo noma uthumele i-imelyi ukuze ut-

hole ulwazi oluthe xaxa. Sicela utshele abanye abantu ngalomylezo.

Uma ufuna umhlabu usindiswe, njengoba eyala UJESU, ungamphangi uNKULUNKULU okweshumi kwakhe neminikelo. UNKULUNKULU wathi, "Ingabe umuntu angaphanga uNKULUNKULU na?" Nokho niyangiphanga. Kepha nina nithi, "Sikuphange kanjani na?" Ngokweshumi nangeminikelo. Niqalekisiwe ngesiqalekiso: ngokuba niyangiphanga, sizwe sonke [nalelizwe lonke]. Ngenisani konke okweshumi ['okweshumi'— u10% weholo lakho liphelele] enqolobaneni, ukuze kube khona inyama [nokudla okungokomo] endlini YAMI. [Imiphefumulo iyasindiswa] Futhi ningivivinye ngalokhu, usho uJehova-Sebawoti, uma mina angeke ngikuvulele amafasitela ezulu, futhi ngithululele izibusiso kuwe, ngendlela yokuthi angeke ubenendawo eyaneleyo ukuzemukela endlini yakho. Mina ngiyokhuza umushwabadi ochithayo ngenxa yakho, futhi ngeke achithe izithelo zomhlabathi wakho; nomvini wakho ngeke waphonsa izithelo zawo ngaphambi kwesikhathi endle, usho uJEHOVA-Sebawoti. Futhi zonke izizwe ziyoukuthi nibusisiwe ngokuba niyakuba yizwe elijabulisayo, usho uJEHOVA SEBAWOTI" (Malaki 3:8-12).

9 AmaH. 51: 5, Rom. 3:10-12, 23 10 Math. 26:63-64, 27:54, Luk. 1: 30-33, Joh. 9:35-37, Rom. 1:3-4 11 IzE. 4:12, 20:28, Rom. 3:25, 1 Joh. 1:7, IsAmb. 5: 9 12 AmaH. 16: 9-10, Math. 28: 5-7, Mark.16: 9, 12, 14, Joh.2:19, 21, 10: 17-18, 11:25, IzE. 2:24, 3:15, Rom. 8:11, 1 Kor. 15: 3-7 13 Luk. 22:69, IzE. 2:25-36, Heb. 10:12-13 14 1 Kor. 3:16, IsAmb.3:20 15 Ef. 2:13-22, Heb. 9:22, 13:12, 20-21, 1 Joh. 1:7, IsAmb. 1:5, 7:14 16 Math. 26:28, IzE. 2:21, 4:12, Ef. 1:7, Kol. 1:14 17 Math. 21:22, Joh. 6:35, 37-40, Rom. 10:13 18 Heb. 11:6 19 Joh.5:14, 8:11, Rom. 6:4, 1 Kor. 15:10, IsAmb.7:14, 22:14 20 Math. 28:18-20, Joh.3:5, IzE. 2:38, 19:3-5 21 Dut. 4:29, 13: 4, 26:16, Josh. 1: 8, 22: 5, 2 Thim. 2:15, 3:14-17, Jak. 1:22-25, IsAmb 3:18

Sicela uxhumane nathi ukuze uthole ulwazi olubanzi, noma izincwadi mayelana nezinye izihloko ongazithakasela.

**Tony Alamo, World Pastor (Umfundisi Wezizwe zonke), Tony Alamo Christian Ministries Worldwide P.O. Box 2948, Hollywood, CA 90078**

**Inombolo yethu yocingo esebezena amahora angamashumi amabili nane ngosuku, uma udinga ulwazi noma imithandazo:**

**+1 (661) 252-5686 • Fax +1 (661) 252-4362 • [www.alamoministries.com](http://www.alamoministries.com) • [taoffice@alamoministries.com](mailto:taoffice@alamoministries.com)**

Izinkonzo ZamaKristu zikaTony Alamo Emhlabeni jikelele, zinikeza indawo yokuhlala nakho konke okuyizidindo zempilo kubo bonke abantu, ezindaweni zethu eU.S; abantu abafuna ngempela ukukhonza uSimakade ngayo yonke inhliziyabo, umphefumulo, ingqondo namandla.

**Izinkonzo zibanjelwa eNew York City njalo ngoLwesibili, ngo 8 P.M. nakwezinye izindawo ebusuku. Sicela ushayele ucingo kulenombolo: +1 (908) 937-5723, ukuthola ulwazi. UKUDLA KUYANIKEZWA NGEMUVA KWENKONZO.**

Cela Incwadi kaMfundisi Alamo, UMesiya, ebonisa isambulo ngoKristu, esitholakala eTestamenteni Elidala, eziprofethweni ezingaphezu kuka-333. Iba isisebenzi ekuvuneni imiphefumulo ngokuba ubengumsabalali wezincwadi zikaMfundisi Alamo.

Zonke izincwadi zethu kanye nemilayezo elalelwayo kutholakala mahhala, nemali yokuposa, ikhokhwa yithi. Uma kukhona ozama ukukukhisa imali ngazo ngokungemthetho, shayela lenombolo yocingo +1 (661) 252-5686 (ucingo lukhokhelwa yithi, uma usifonela)

**LEZIZINCWADI ZITHWELE UHLELO LWEQINISO LWENSINDISO (Izenzo 4:12).**

**MUSA UKUYILAHLA, DLULISELA KOMUNYE UMUNTU.**

**Kunina enikwamanye amazwe, sinikhuthaza ukuba nihumushe lezincwadi ngolimi lwenu lwendabuko.**

**Uma niphinda niyishicilela, sicela nifake le-copyright kanye ne-registration:**